**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATALI UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LOMGWAQO NEBHULOHO EMABOMVINI EMSINGA MHLAKA 21 APRIL 2011:**

Mphathi wohlelo;
INkosi yaseMaBomvini;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zoMnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Imboni yezokuthutha umphakathi;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Masibonge ukuthi nanamhlanje sesiphinde sathola ithuba lokuhlangana nomphakathi walapha eMsinga sizokuthi halala ngentuthuko abantu balapha eMsinga abangasayizwa ngendaba kodwa asebeyibona ngamehlo.

Thina-ke eMnyangweni wezokuThutha kuwumkhuba wethu ukuthi uma sihambele imicimbi enjengalona sisho kanye nawo umphakathi njengoba nalapha sithi halala MaBomvu halala! Halala Msinga halala! Halala Mzinyathi halala!

Ngithi sibonga ukuthi sesiphinde sathola elinye ithuba futhi namhlanje, njengoba phela uma ngibala nje sekungokwesithathu sifika lapha eMsinga selokhu siqale uchungechunge lwezinhlelo zethu zokuya emiphakathini esifundazweni sonke ngo-October wonyaka odlule lapho sidlulisela ngokusemthethweni ama-project asephelile bese sizibophezela nakwamanye amasha azokwakhiwa.
Besikhona laphaya KwaKopi ngo-October 12 sizovula imigwaqo emibili ethinta iNkosi yaseMaChunwini neyaseMaBomvini. Ngo-December futhi besilaphaya eMsinga Top sizovula umgwaqo u-P1273, nakuba mina ngangimelwe uzakwethu uNgqogqoshe uDkt Sibongiseni Dlhomo, ngalelo langa owayejutshwe nguNdunankulu.

Lapha ngikhuluma ngokufika koMnyango wezokuThutha nje kuphela, kodwa siyazi sonke lapha ukuthi uHulumeni wesifundazwe wonke uphuma ungena lapha eMsinga ngenhloso yokwenza ngcono izimo zempilo yabantu bakithi. Muva nje kuze kwatheleka nePhini likaMongameli uMnuz Kgalema Motlanthe.

Njengoba ngichaza kanjena nje ngizama ukuveza engihlale ngikusho nakwezinye izindawo esizihambelayo ukuthi uma sivula umgwaqo sisuke singachazi ukuthi sesiyahamba kodwa sisuke senza

uphawu lokuthi kukhona okunye osekumele sikulethele umphakathi walapho. Siyajabula-ke ukuthi namhlanje nani seningofakazi balokho.

Siyazi ukuthi uMsinga ungenye yezindawo esifundazweni okuthe uma kungena uHulumeni wentando yeningi zahlonzwa njengezidinga kakhulu izidingongqangi ngenxa yezinga lobubha nokuntuleka kwemisebenzi.
Imiphakathi yasemakhaya, ikakhulukazi njengalapha eMsinga, ibibhekene nesimo esibucayi kwezomnotho nakuba inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha.

Esiyaye sikuthande futhi sikubonge kakhulu njengoHulumeni emiphakathini yakithi yindlela enisibekezelela ngayo. Siyazi phela ukuthi ngenxa yobukhulu besifundazwe nezindawo eziningi zasemakhaya ezisasilele emuva ngengqalasizinda yomgwaqo, kuyenzeka eminye imisebenzi ithathe isikhathi eside ukuba siyiqale emiphakathini yethu.

Sike sakuchaza futhi naphambilini ukuthi elinye igebe futhi livulwe nangukuthi ngenkathi singena kulo Hulumeni ngo-2009, sike sabambezeleka ngenxa yenzikamnotho ebihlasele umhlaba wonke, kanti kunesikhathi esikhulu esithathwe ngamalungiselelo eNdebe yoMhlaba.

Kodwa okunye futhi okumele sikugcizelele yilokhu kokubambisana koHulumeni basekhaya nowesifundazwe. Inkinga esesiyitholile kwezinye izindawo ngukuthi intuthuko ibanjezelwa ngukuthi amakhansela nabasebenzi boMasipala abathile abafuni ukubambisana nemiNyango kaHulumeni wesifundazwe ukuze kubhekwe ukuthi imiphakathi ingasizakala kanjani.

Kuyacaca ukuthi kusekhona abantu abangakaqondi ukuthi uHulumeni okhethwe ngentando yeningi waba semthethweni usuke sekungowakho noma ngabe awuholwa yiqembu lakho.

Namhlanje-ke singuMnyango wezokuThutha egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natali sizozibophezela phambi kwenu emini bebade ukuthi umphakathi waseNadi naKwaNgubevu usuzokwazi ukufinyelela kalula esibhedlela e-Tugela Ferry, emitholampilo iHlanzeni neNgubevu, eNgubevu High School, eMuntu High School, e-Esibils Primary School, eMfenbude Combined Primary School, ezindlini zamasonto ezintathu nehholo lomphakathi.

Siyazibophezela ukuthi lo mgwaqo ongu-P17 usuzokuba netiyela bese kuba nebhriji laphaya emfuleni uThukela. Njengoba lo mgwaqo ungu-52.3 km ubude, sizowakha izigaba ezintathu ngeminyaka yezimali emithathu.

Sizoqala ngo-20 km kulo nyaka ka-2011/2012 ozokudla u-R90 million bese kudaleka namathuba emisebenzi angu-1500. Omunye u-20 km uzokwakhiwa ngonyaka ka-2012/2013 ngemali engu-R100 million lapho kuzodaleka amathuba emisebenzi angu-2000, bese kuthi u-13 km wokugcina wakhiwe

ngonyaka ka-2013/2014 ngemali engu-R65 million okuzodala amathuba emisebenzi angu-1000. Lokhu kusho ukuthi isiyonke imali esiyitshale kulo msebenzi ingu-R255 million.

Sihlale sinxusa njalo-ke uma silethe le misebenzi ukuthi abaphethe uhlelo lokuqasha abantu bangalinge bafake indaba yobuqembu bepolitiki lapha. Uma uHulumeni eletha amathuba usuke ewalethela abantu bendawo abawadingayo, hhayi amalungu eqembu elithile.

Isikhathi sobandlululo sadlula kudala ngakho-ke akekho umuntu okumele acindezele omunye ngoba engakholelwa kulokho omunye akholelwa kukona. Esikufunayo ngukubona izindawo zasemakhaya zithuthuka ngesivinini manje.

Ngifisa ukusho futhi ukuthi ngaphandle kwalo R90 million ozofakwa esigabeni sokuqala salo mgwaqo, kuvele sekunemali ebalelwa ku- R267, 4 million esiyifake ekwakheni nokugcina imigwaqo isesimweni esifundeni saseMzinyathi kulo nyaka wezimali u-2011/12, ingxenye eningi yayo ingene ezindaweni zasemakhaya.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

Sinxusa yonke imiphakathi ukuba ihloniphe umthetho ngesikhathi sokhetho. Ukuzibophezela emgomweni wokuziphatha okwenziwa ngamaqembu ethu epolitiki ngesikhathi sokhetho, kumele sikubone kuthela izithelo emazingeni aphansi.

Akekho umuntu okumele aphoqe noma asabise omunye noma amphoqe ukuba aqoke iqembu elithile ngenkani ngalesi khathi sokhetho. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu yisigilamkhuba okumele nisibike kwabomthetho. Umuntu owenza loko kusho ukuthi akayifuni inqubekela phambili, futhi ulwisana nentando yeningi, ngakho kumele abhekane nabomthetho.

Okokugcina, izolo besilaphaya e-Mariannhill ngase-Pinetown sethula uhlelo lwesifundazwe lokuphepha emgwaqeni nasemphakathini ngalesi sikhathi sePhasika. Ebesikusho laphayana ngukuthi lesi sikhathi sifika lapho sesihlonze lo nyaka njengonyaka womnyakazo wabantu ekulweni nezingozi nokwephulwa kwemithetho yomgwaqo, esithi i-Activism Against Road Carnage and Transgressions.

Lokhu kusho ukuthi sifuna ukugqugquzela abantu ngamunye kanye nomphakathi wonkana ukuba babambe iqhaza ekunqandeni izingozi emgwaqeni. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa.

Nalapha-ke ngithatha leli thuba ukuba nginxuse umuntu ngamunye ngamunye kinina ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuthi nesekele lo mkhankaso esesiwuqalile.

Siyanxusa abantu bakithi abaya ezinkonzweni ukuba baqaphele ukuthi bahamba ngezithuthi ezisemthethweni, eziphilile futhi ezinambhuleki asebenza kahle. Sithi abashayeli kumele kube abantu abakufanele ukuphatha izimpilo zabantu emgwaqeni, abanamalayisense futhi abayaziyo into abayenzayo. Nalabo abazobe benza imicimbi yenjabulo njengemishado nemibondo nokunye okuhambisana nalokho, kumele baqaphele ukuthi abavumeli abashayeli bankintshe utshwala bebe besazohambisa abantu emakhaya.

Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo, aze adlule amaholide silokhu siphephile.

**Ngiyabonga**